

# IZINWELE ZAMI EZIKHETHEKILE



Candice Dingwall | Jess Jardim-Wedepohl | Renate van Rensburg

# **IZINWELE ZAMI EZIKHETHEKILE**

Le ncwadi ngeka

---







*Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative professionals who volunteer to create new, African storybooks that anyone can freely translate and distribute. To find out more, and to download beautiful, print-ready books, visit [bookdash.org](http://bookdash.org).*

*linwele zam ezikhethekileyo*

(My Special Hair)

Illustrated by Jess Jardim-Wedepohl

Written by Candice Dingwall

Designed by Renate van Rensburg

Edited by Kelly Norwood-Young

Translated by Nonkululeko Nhlapo

with the help of the Book Dash participants in Johannesburg on 25 February 2017.

ISBN: 978-1-77623-072-3

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (<http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/>). You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

**Attribution:** You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use.

**No additional restrictions:** You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.

**Notices:** You do not have to comply with the license for elements of the material in the public domain or where your use is permitted by an applicable exception or limitation.

**No warranties are given.** The license may not give you all of the permissions necessary for your intended use. For example, other rights such as publicity, privacy, or moral rights may limit how you use the material.

# IZINWELE ZAMI EZIKHETHEKILE



Candice Dingwall

Jess Jardim-Wedepohl

Renate van Rensburg



Nginekhanda elikhethike kakhulu,  
ikhanda lezinwele ezikhethekile.  
Izinwele zami ezikhethekile  
zihlukile. Izinwele zami ezikhethekile  
azijwayelekile.

Ziyakhula kodwa hhayi kunoma  
yiliphi ikhanda,  
kwelami,  
elami ngedwa!

Izinwele zami ezikhethekile zenza  
izinto ezikhethekile - izinwele  
ezinomlingo, uyabona.





Ehlobo lapho ilanga lishisa,  
lingekho ithunzi, angijuluki,  
futhi angishi. Ngizenzela  
isigqoko ngezinwele.



Ebusika lapho amakhala ami ejika  
eba bomvu,  
futhi uma  
kuvunguza  
umoya obandayo,  
izinwele zami ezikhethekile zikhula  
zibe zinde kakhulu. Ngizigoqa ngazo  
kusukela phezulu kuya phansi  
ezinzwaneni.



Entwasahlobo lapho izinyoni ziphuma  
futhi zizakhela izidleke, ikhanda  
lam i lisuke ligcwele izingoma ngoba  
izinwele zami ezikhethekile zingungqa  
phambili.

Ekwindla lapho amacembe ewa  
ezihlahleni zingekho nezimbali,  
ikhanda lami elikhethekile  
liyaqhakaza yonke indawo.



Izinwele zami ezikhethekile ziqinile.  
Azilengi. Angibukeki ngendlela  
eyodwa ngoba izinwele zami  
ziyakwazi ukushintsha isimiso sazo.





Izinwele zami ezikhethekile  
zigoqene.

Zisontekile,  
zihlangene,  
ziqinile.

Izinwele zami ezikhethekile zikhula  
zibe nezandla – nokuyindawo  
engibeka kuyo izinto zami.



Izinwele zami ezikhethekile  
zinamaphiko akhethekile -  
zintofontofo,  
zithambile  
futhi zilula.

Zilenga kahle ebusweni bami, ngize  
ngindize nazo.



Izinwele zami ezikhethekile  
zimibalabala, ziwuthingo  
lwenkosazane! Ziqhakazisa  
ngisho nosuku olumnyama.  
Izinwele zami ziyathokozisa.



Izinwele zami ezikhethekile  
zinothando. Ngothando ikhanda lami  
lithwele umqhele.

Ziyakhula,  
    zikhule,  
        zikhule  
    zize zigcwale yonke indawo.



Ziningi izinhlobo zamakhanda  
akhethekile, ziningi izinhlobo  
zezinwele ezikhethekile. Ziqhenye  
ngonakho phezulu, umlingo  
wokho ukhulela khona!



